Ukuvuka KukaMose

iSABATHA EMINI

Funda Lokhu Kuleliviki: *Num. 20:1–13, Dut. 31:2, Dut. 34:4, Dut. 34:1–12, Juda 9, 1 Kor. 15:13–22.*

Indimana Yekhanda: **"Kepha uMikayeli, ingelosi enkulu, lapho ephikisana noSathane, ekhulumisana naye ngesidumbu sikaMose, akabanga nasibindi sokuletha ukwahlulela kokuhlambalaza, kodwa wathi: "INkosi mayikujezise!' "** *(Juda 9, NKJV)*.

Njengoba sibonile kuyo yonke lekota, uMose wayengumongo kuDuteronomi. Impilo yakhe, isimilo sakhe, umbiko wakhe ugcwele incwadi. Nakuba, yebo, uDuteronomi emayelana noNkulunkulu nothando Lwakhe ngo *'am yisra'el*, "abantu bakwaIsrayeli," uNkulunkulu wayevame ukusebenzisa uMose ukwembula lolothando kanye nokukhuluma kubantu Bakhe uIsrayeli.

Manje, sesifika ekugcine kwekota, Isiphetho Sokufunda kwethu uDuteronomi, sifika futhi ekupheleni kwempilo kaMose, okungenani impilo yakhe lapha.

Njengalokhu u-Ellen G. White akusho: "UMose wayazi ukuthi wayezofa eyedwa; akukho mngani wasemhlabeni owayezovunyelwa ukumsiza emahoreni akhe okugcina. Kwakunemfihlo kanye nokwesaba ngombono owawuphambi kwakhe, kuwo inhliziyo yakhe yesaba. Isivivinyo esesabekayo kuyo kwakungukwehlukana nabantu ayebanakekele wabathanda—abantu ukuthatheka kanye nempilo yakhe eyayimunye nabo isikhathi eside. Kodwa wayefunde ukuthembela kuNkulunkulu, futhi ngokholo olungabuzi wazinikela yena nabantu bakhe othandweni Lwakhe nesihawu."— *Patriarchs and Prophets*, pp. 470, 471.

Njengoba impilo nokus ebenza KukaMose kwembula okuningi ngesimilo sikaNkulunkulu, kanjalo, futhi nokufa nokuvuka kwakhe.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, December 25.*

Isono SikaMose: Isigaba 1

Izikhathi eziningi, naphakathi kokuhlubuka kwabo nokuzula ehlane, uNkulunkulu ngokumangalisayo wabahlinzeka abantwana bakwaIsrayeli. Okungukuthi, noma bengakufanele kangakanani (imvamisa kwakuhlala kunjalo) umusa kaNkulunkulu wawugelezela kubo. Nathi, namuhla, singabamukela umusa Wakhe, nakuba singawufanele, ngokufanayo. Futhi, bekungeke kube umusa uma besiwufanele, akunjalo na?

Futhi, ngaphandle kwenala yokudla uJehovah ngokumangalisayo ayebahlinzeke ngako ehlane, esinye isibonakaliso somusa Wakhe kwakungamanzi, ngaphandle kwawo babeyofa ngokushesha, ikakhulu ehlane elomile, elishisayo, neliphundlekile. Ekhuluma ngalowomava uPawule wabhala: “Futhi bonke baphuza kuphuza kunye komoya; ngokuba baphuza edwaleni lomoya elabalandelayo. Idwala lelo lalinguKristu” *(1 Kor. 10:4, NKJV)*. U-Ellen G. White naye wathasisela ngokuthi “Noma yikuphi ekuhambeni kwabo befuna amanzi, lapho emadwaleni ayaphuma eduze kwalapho babenenkambu khona.”—*Patriarchs and Prophets*, p. 411.

Funda: uNumeri 20:1-13. Kwenzekana lapha, futhi sikuqonda kanjani ukujeziswa kukaMose nguJehovah ngalokho ayekwenzile na?

_____

_____

Kwelinye izinga, akulukhuni ukubona nokuqonda ukuxakaniseka KukaMose. Kukho konke uJehovah ayesebenzele kona, isibonakaliso nezimangaliso kanye nokuhlengwa okumangalisayo, sebelapha manje, ekugcineni, emingceleni Yezwe Lesithembiso. Kwase? Ngokuphazima, abasenawo amanzi, ngalokho baqala ukubhunga ngoMose noAroni. Ngabe kwakungukuthi uJehovah akakwazi ukubahlinzeka ngamanzi manje, njengoba ayenzile ngaphambilini na? Akunjalo; wayengakwenza lokho, futhi wayezokwenza lokho futhi.

Kodwa, buka amazwi kaMose lapho eshaya idwala, nakabili. “ ‘Yizwani manje nina bahlubuki! Siyakunivezela yini amanzi kulelidwala na?’ ” *(Num. 20:10, NKJV)*. Iyezwakala intukuthelo ezwini lakhe, ngokuba uqala ngokubabiza ngaba “hlubuki.”

Inkinga kwakungeyona intukuthelo ngokwayo, eyayiyimbi kodwa iqondakala—kodwa lapho ethi “ ‘Siyakunivezela yini amanzi kulelidwala na?’ ” sengathi yena njengomuntu wayekwazi ukukhipha amanzi edwaleni. Ekuthukutheleni kwakhe, wabonakala engathi uyakhohlwa ngukuthi kwakungamandla kaNkulunkulu kuphela, esebenza phakathi kwabo ayengeza lesisimangaliso. Yena, kubo bonke abantu, kwakumele azi kangcono.

Kuvame kangakani ukuba sisho noma senze izinto ngentukuthelo, noma singakholwa ukuthi lentukuthelo ibifanelekile na? Singafunda kanjani ukuma, sikhuleke, futhi sifune amandla kaNkulunkulu okusho nokwenza okulungile ngaphambi kokuba sisho noma senze okungalungile na?

Isono SikaMose: Isigaba 2

Funda **futhi uNumeri 20:12, 13. Yisiphi isizathu esiqondile uJehovah asinika uMose ngokuthi kungani engayikuwelela ngaphesheya ngenxa yalokho ayekwenzile na? buka no Duteronomi 31:2 no Duteronomi 34:4.**

_____

_____

Ngokwalombhalo, kwakungaphezulu esonweni SikaMose kunokuzama nje kwakhe ukuthatha indawo kaNkulunkulu, okwakukubi ngokwanele. Wabonisa futhi ukuswela ukholo, emuntwini onjengoMose, kwakungezibeke. Lendoda Iyona kusukea ehlokozini elivuthayo *(Eksod. 3:2-16)* kuye phambili, yayibe namava noNkulunkulu angafani nawabantu abaningi, kepha, ngokwalombhalo uMose akazange "angikholwe Mina," Okungukuthi, uMose wakhombisa Ukungabi nokholo kulokhu uJehovah ayekushilo, futhi ngenxa yalokho wayesilele "ekungcwaliseni Mina," phambi kwabantwana bakwaIsrayeli. Ngamanye amazwi, ukube uMose wayehlise ulaka wenza okulungileyo ngokubonisa ukholo lwakhe nokuthembela kuNkulunkulu phakathi kokuhlubuka kwabo, wayeyobe ekhazimulise uJehovah phambi kwabantu, futhi, abe yisibonelo kubo sokuthi ukholo lweqiniso nokulalela kwakunjani.

Qaphela, futhi, indlela uMose angalalelanga ngayo lokho uJehovah ayethe makakwenze.

Funda **uNumeri 20:8. Yini uJehovah ayeyitshela uMose ukuba ayenze, kodwa kunalokho wenzani uMose***(Num. 20:9–11)* **na?**

_____

_____

Indimana ka-9 inoMose ethatha intonga njengalokhu "uJehovah ayemyalezile." Okwamanje kusahamba kahle. Kodwa kwindimana ka-10, kunokuba akhuluma nedwala, kulo okwakuzophuma amanzi njengesimangaliso samandla kaNkulunkulu—uMose walishaya, hhayi kanye kodwa kabili. Yebo, ukushaya idwala futhi kuphume kulo amanzi kwakuyisimangaliso, kodwa ngokuqinisekileyo akusona isimanga njengokumane ukhuluma kulo futhi ubone okufanayo kwenzeka.

Ngempela, ngokubuka phezulu kwakungabonaka sengathi Isahlulelo sikaNkulunkulu kuMose sasinqala: kukho konke uMose ayedlule kukho, wayengasekuvunyelwa ukuba awelele Ezweni Lesithembiso. Njalo uma lendaba ixoxwa, abantu baye bazibuze kungani—ngenxa yesenzo esisodwa sokungxama—lokho ayekulangazele isikhathi eside wenqatshelwa kona.

Sifundo sini ocabanga ukuthi abantwana bakwaIsrayeli ngabe basifunda kulokhu okwenzeka kuMose na?

Ukufa KukaMose

Maye Mose! Sewuhambe ibanga elingaka, sewudlule kokuningi kangaka, ukuba uzoncishwa ekugcwalisekeni kwesithembiso esenziwa ku-Abram iminyaka eminingi ngaphambilini: " 'Kuwe nenzalo yakho ngiyakuninika lelilizwe' " *(Gen. 12:7, NKJV)*.

Funda: uDuteronomi 34:1-12. Yini Eyenzeka kuMose, futhi uJehovah Wathini ngaye okuveza ukuthi wayeyindoda ekhethekileyo na?

_____

_____

"Eyedwa uMose wabuyekeza impilo yakhe yokuhlupheka Nobunzima selokhu afulathela inhlonipho yezinkundla zaseGibhithe, ukuzihlanganisa nabantu bakaNkulunkulu abakhethiweyo. Wakhumbula iminyaka eminingi emide ehlane nemihlambi ka-Jethro, ukuqhamuka kweNgelosi ehlokozini eiluvuthayo, kanye nobizo lwakhe lokuyokhulula uIsrayeli. Futhi wabona izimangaliso zamandla kaNkulunkulu ekhangiselwa abantu abakhethekile, kanye nesihawu Sakhe ngesikhathi seminyaka yokuzula nokuhlubuka. Ngaphandle kwakho konke uNkulunkulu ayebenzele kona, ngaphandle kwayo yonke imikhuleko nokusebenza kwakhe, babili kuphela abantu abadala kulomkhosi omkhulu owawuphume eGibhithe abatholakala bethembeke ngokwanele ukuba bangangena Ezweni Lesithembiso. Ngenkathi uMose ebuyekeza imiphumela yokusebenza kwakhe, impilo yakhe yezivivinyo nokuzinikela yabonakala icishe yaba yize."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets,* pp. 471, 472.

uDuteronomi 34:4 usho okuthile okuthathekisa kakhulu. "Nanti izwe engalifungela o-Abrahama, noIsaka, noJakobe, ngathi, ' "Ngiyakunika lona inzalo yakho." ' " UJehovah wayesebenzisa ulimi cishe ngokufana ncimishi nalokho ayekusho izikhathi eziningi kokhokho nakwizingane zabo, mayelana nokubanika lelilizwe. Manje wayekuphinda kuMose.

UJehovah wayesethi futhi " 'Ngikwenze walibona ngamehlo akho, kepha awuyikuwelele kulo' " *(Deut. 34:4, NKJV, emphasis supplied)*. Ayikho indlela yokuthi uMose , emi lapho ayemi khona, wayengakubona konke ngokubona okujwayelekile konke uJehovah ayemkhombisa kona—kusukela kwaMowabi uye kwaDan uyekwa-Naphtali, njalo, njalo. U-Ellen G. White uyacacisa: kwakuyisambulo okungesona salomhlaba, hhayi kuphela ngokwezwe, kodwa okwalokho elalizobukeka liyikona sebelithathile.

Ngomqondo owodwa, kubukeka sengathi uJehovah wayegcina uMose, emzwisa ubuhlungu: Ngabe ulapha ukube nje ubungilalele njengoba bekufanele, noma into enjalo. Kunalokho, uJehovah wayebonisa uMose ukuthi sekwenzeke konke, nakulo iphutha likaMose, uNkulunkulu wayezokwethembeka ezithembisweni Zakhe zesivumelwano ayesenze nokhokho kanye nano Israyeli uqobo. Njengoba sizobona, futhi, uJehovah wayenokungcono ayekugcinele inceku Yakhe ethembekileyo nakuba inamaphutha.

Ukuvuka KukaMose

"Ngakhoke uMose inceku kaJehovah yafa lapho ezweni lakwaMowabi, ngokwelizwi likaJehovah. Wamngcwaba esigodini sakwaMowabi, ngase-Beth Peor; kepha akekho owazi ingcwaba lakhe kuze kube namuhla" *(Dut. 34:5, 6, NKJV)*. Kanjalo, ngalezizindimana ezimbalwa, uMose—owayengumongo empilweni kaIsrayeli, indoda omibhalo yayo isaphila, hhayi kuphela kwaIsrayeli kepha nasebandleni kanye nakwisinagoge namuhla, ngokufanayo—wafa.

UMose wafa, wangcwatshwa, abantu balila, kwaba yilokho. Ngokuqinisekile, isimiso samazwi eSambulo siyasebenza lapha: " ' "Babusisiwe abafile abafela kuJehovah kusukela manje." " 'Yebo,' " usho uMoya, " 'ukuthi bangaphumula emisebenzini yabo, futhi imisebenzi yabo iyabalandela' " *(Samb. 14:13, NKJV)*.

Kepha, ukufa KukaMose kwakungekona ukuphela kwendaba yempilo yakhe.

Funda: uJuda 9. Kwenzekani lapha, futhi Lendimana isiza kanjani ekuchazeni ukuqhamuka KukaMose kamuva kwiTestamente Elisha na?

_____

_____

Nakuba sinikezwe ukhasha kuphela, ngombono omangalisayo ovezwa lapha. UMikhayeli, uKristu ngoKwakhe, ebanga noSathane ngomzimba kaMose. Bebanga kanjani na? Akukho ukungabaza ukuthi uMose wayeyisoni; nembala, isono sakhe sokugcina esaziwayo, ukuthathela kuye inkazimulo kaNkulunkulu, kwakuyisono esifanayo—" 'Ngiyakukhuphuka phezu kwezingdawo eziphakemeyo zamafu, ngizoba njengoPhezukonke' " *(Isa. 14:14, NKJV)*—esenza uLusifa axoshwe ezulwini kwasekuqaleni. Umbango ngomzimba kaMose kusenokuba wawungenxa yokuthi uKrsitu wayebangela uMose uvuko oluthenjisiweyo.

Kodwa uKristu wayengakwenza kanjani lokho enzela isoni, uMose, lowo owayephule umthetho Wakhe na? Impendulo, nembala, ingaba yisiphambano kuphela. Njengalokhu imihlatshelo yezilwane yayikhomba phambili ekufeni kukaKristu, kusobala uJehovah manje, ebuka phambili esiphambanweni, wabanga ukuba umzimba kaMose uvuswe. "Ngokomphumela wesono uMose wayengena ngaphansi kwamandla kaSathane. Ngokufaneleka kwakhe wayeyisithunjwa esisemthethweni sokufa; kodwa wavuselwa ekuphileni nokungafi, ephethe itayitela lakhe engameni loMhlengi. UMose waphuma ethuneni ekhazimulisiwe, futhi wakhuphuka noMhlengi wakhe eya Edolobheni likaNkulunkulu."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 479.

Lendaba kaMose isisiza kanjani ekuqondeni ukujula kwecebo losindiso, ukuthi nangaphambi kwesiphambano uMose wayengavuselwa ukuphila okuphakade na?

Uvuko Lwethu Sonke

Ngokukhanya okunezezelekile kweTestamente Elisha, ukungafakwa KukaMose Ezweni Lesithembiso akubukeki kuyijeziso esikhulu. KuneKanana lasemhlabeni futhi kamuva iJerusalema lasemhlabeni (okuthi ngawo wonke umlando walo owaziwayo libe yindawo yezimpi, ukunqotshwa nokuhlupheka), "iJerusalema lasezulwini" *(Heb. 12:22)* namanje, liyikhaya lakhe. Indawo engcono kakhulu, ngokuqinisekile!

UMose wayeyisibonelo sokuqala eBhayibhelini sokuvuka kwabafileyo. U-Enoch walethwa ezulwini engazange akubone ukufa *(Gen. 5:24)*, uEliya, naye *(2 Amakhosi 2:11)*, kodwa ngokombiko obhaliwe, uMose waba ngowokuqala ukuvuselwa ekuphileni okuphakade.

Ukuthi uMose walala isikhathi esingakani emhlabeni asazi, kodwa ngokwazi kwethu, kwakungasho lutho. Wavala amehlo akhe ngelokufa, futhi noma kwaba ngamahora amathathu noma iminyaka engu-300, kuye kwakufana. Kunjalo nakubo bonke abafile emlandweni; amava abo, okungena ngokokufa, ngeke ahluke kunakaMose. Sivala amehlo ethu ekufeni, okulandelayo esikwaziyo nguKuza Kwesibili kukaJesu noma, ngeshwa, ukwahlulela kokugcina (*buka iSamb. 20:7–15)*.

Funda: u-1 Korinte 15:13-22. Sithembiso sini esikhulu esitholaka lapha, futhi kungani amazwi kaPawule enza umqondo kuphela uma siqonde ukuthi abafile balele kuKrsitu kuze kube wuvuko na?

_____

_____

Ngaphandle kwethemba lovuko, asinalo ithemba kwaphela. Ukuvuka kukaKristu yiqinisekiso sethu; "ezihlambululile izono zethu *(Heb. 1:3)* esiphambanweni njengeWundlu lomhlatshelo wethu, uKristu wafa futhi wavuka kwabafilelyo, futhi ngenxa yokuvuka Kwakhe sinesiqiniseko sokwethu, noMose eyisibonelo sokuqala somuntu owile owavuswa kwabafileyo. Ngenxa yalokho uKristu ayezokwenza, uMose wavuswa; futhi ngenxa yalokho uKristu asekwenzile nathi, futhi, sizovuswa, ngokunjalo.

Ngalokho, singathola kuMose isibonelo sokusindiswa ngokholo, ukholo olwabonakaliswa ngempilo yokwethembeka nokuthembela kuNkulunkulu, nakuba aphaphalaza ekugcineni. Futhi kuyo yonke incwadi kaDuteronomi, siyambona uMose efuna ukubizela abantu bakaNkulunkulu ekuthembekeni okufanayo, ukuphendula okufanayo emuseni onikezwe bona njengalokhu unikezwa kithi—nathi, futhi esisemingceleni Yezwe Lesithembiso.

Ngabe uNkulunkulu, loNkulunkulu ofanyo, akasibizeli ekuthembekeni, ngokufanayo, na? Yini esingayenza ukuqinisekisa ukuthi asenzi amaphutha afanayo nalawo uMose axwayisa ngawo kuDuteronomi na?

Ukucabanga Kabanzi: "Lapho ngentukuthelo bekhala, 'Siyakunivezela yini amanzi kulelidwala na?' bazibeka endaweni kaNkulunkulu, sengathi amandla ayekubona, abantu abanezici zesintu nezinkanuko. Ekhathazwe ngokukhononda Okungapheli kanye nokuhlubuka kwabantu, uMose wayelahlekelwe ngumbono woMsizi wakhe onguSomandla, futhi ngaphandle kwamandla ezulu wayesale wangcolisa umlando wakhe ngokuveza ubuthakathaka bomuntu. Indoda eyayingabe ime imsulwa, iqinile, futhi ingenamhobholo kuze kube sekupheleni komsebenzi wayo yanqotshwa ekugcineni. UNkulunkulu wayejivazekile phambi kwebandla lakwaIsrayeli, ngenkathi okwakumele nga ugqamisiwe."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 418.

"Phezu kwentaba yokuguquka kwesimo uMose wayekhona noEliya, owayekhushuliwe. Babethunyelwe njengabathwali bokukhanya nenkazimulo ephuma kuBaba ize kwiNdodana Yakhe. Futhi ngalokho umkhuleko kaMose, ayewusho eminyakeni eminingi ngaphambilini, ekugcineni wagcwaliseka. Wayemi phezu "kwentaba enhle," phakathi kwefa labantu bakhe, elethe ubufakazi kuYena izithembiso zonke kuIsrayeli zincikile. Unjalo umbono wokugcina owembulelwe kubantu abafaya emlandweni waleyondoda ehlonishwe kakhulu yiZulu."—Page 479.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ Ngokomunye umqondo, yebo, uMose wavuswa futhi walethwa ezulwini ngemuva kokufa kwakhe. Kodwa ngesikhathi esifanayo, Umose uthola ukubona ukumoseka Kwezinto lapha. Sinenhlanhla yokuthi iningi lethu liyovuswa ngemuva kokuhlupheka emhlabeni sekuphelile okungenani ngaphambi Kokuza Kwesibili. Kungaziphi ke izindlela, kuyisibusiso esikhulu ngaphezu kwalokho uMose aba namava ngako na?

❷ Indaba yokufa KukaMose futhi kamuva yokuvuka kwakhe iyikhombisa kanjani indlela iTestamente Elisha, nakuba lincike kwiTestamente Elidala, elisiqhubela phambili kuneTestamente Elidala futhi likwazi ngempela ukuletha ukukhanya Okusha phezu kwalo na?

❸ Indaba yempilo kaMose, kufaka nokushaya kwakhe idwala ngesikhathi sentukuthelo, iyisibonelo kanjani sokuthi kusho ukuthi ukuphila ngokholo kanye nokusindiswa ngokholo, ngaphandle kwemisebenzi yomthetho na?

❹ Eklasini, khulumani ngesithembiso sovuko ekupheleni kwesikhathi. Kungani lokhu kungumongo kakhulu wamathemba ethu na? Futhi, uma singathemba uNkulunkulu kulokhu, Okungukuthi, ekusivuseni ekufeni, akumele na sikwazi ukumethemba kukho konke okunye na? Nembala, uma engasenzela lokho, yikuphi angakwazi ukukwenza na?